**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

1. Abafundi bayacelwa ukuba bafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Indaba (40)

   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (20)

   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

3. Abafundi kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, OWODWA esiqeshini C.

4. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

5. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:

   ISIQEPHU A: Bhala indaba ibe amagama angama-200 – 250. Khumbula ukuthi ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.

   ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa umyalezo, amagama abe ngama-80 – 100.

   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enomyalezo, mayibe amagama angama-60 – 80.

## ISIQEPHU A: INDABA

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale indaba engamagama angama-200 – 250.

**UMBUZO 1**

1.1 Umcimbi wosuku lwami lokuzalwa. Wawumeme abangane, izihlobo, omakhelwane kumnandi kudelile. Bhala ngakho konke okwakwenzeka ngalolo suku. **[40]**

**NOMA**

1.2 Isilwane (pet) engisithanda kakhulu. Bhala indaba ngalesi sihloko usho ukuthi kungani usithanda kangaka nokuthi sikusiza ngani. **[40]**

**NOMA**

1.3 Abangane bayafika baphinde badlule kodwa lo nakuba sesahlukana akulula ukuthi ngimkhohlwe empilweni yami. Bhala uchaze kucace ngezimpawu anazo ezimenza ehluke kwabanye. Nika izibonelo lapho kudingeka khona. **[40]**

**NOMA**

1.4 UHulumeni usezame izindlela eziningi ukunqanda ubugebengu kuleli kodwa konke kubukeka kungasizi ngalutho. Bhala indaba enalesi sihloko: 'Usuku olwaba lubi mhla izigebengu zaziduna (hijack) imoto kababa siphakathi kuyona.' **[40]**

**NOMA**

1.5 Sikulindele 2010

Ziningi izinto eziyokwenzeka ezinhle ngonyaka we-2010. Buka isithombe esingezansi usebenzise nesihloko osinikeziwe ngenhla ukuchaza konke okuyobe kwenzeka.



**[40]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 40**

## ISIQEPHU B

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 – 100.

2.1 Umngane wakho uthole ithuba lokufunda phesheya kwezilwandle. Bhala incwadi umhalalisele, umeluleke njengoba ezobe engahlali nabazali. **[20]**

**NOMA**

2.2 Umngani wakho ufunda ibanga leshumi nambili (Grade 12). Isikole senu sesenze kwaba umkhuba waso ukuba nivaleliswe ngomcimbi omkhulu (matric dance). Umzali wakhe akafuni nokuyizwa leyo ndaba ngenxa yezinto asezizwile ukuthi ziyenzeka kule micimbi yalolu hlobo. Bhala ingxoxo phakathi kukamngani wakho nomzali wakhe lapho umngani wakho ebonisa ukubaluleka kwalo mcimbi. Banikeze amagama abalingiswa bakho. **[20]**

**NOMA**

2.3 Ungumqondisi (Director) enkampanini yakwa Santnall (Pty) Ltd, PO Box 21251, Benoni, 1415, uthole izindaba ezibuhlungu zokuthi omunye wabasebenzi kule nkampani useshonile emva kokugula isikhathi eside. Bhalela umndeni wakhe uwududuze uwunike nethemba. Phinda uveze nokuthi inkampani ilahlekelwe kangakanani ngokushona kwalo msebenzi. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 20**

## ISIQEPHU C

### UMBUZO 3


Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 – 80.

3.1 Isikole ofunda kuso sidume ngemiphumela emihle kamatikuletsheni. Lokhu kubangelwa ukuzinikela kwabafundisi (educators) abafundi kanye nohlobo lwezifundo ezifundwayo nohlobo lwezifundo ezifundiswayo ezihambisana nemfundo yamakhono.

Bhala udwebe ifulaya (flyer) ezoveza:
(a) Uhlobo lwezifundo ngokuhlukana kwazo
(b) Izifundo zamakhono
(c) Isiqubulo sesikole **[20]**

3.2 Isiteshi somsakazo odumile sihlele ukuba nedili lomculo wokholo lapho kuzobe kukhona izihlabani (famous musicians). Dweba iphosta ezoheha abantu ngobuningi babo ukuba bazozitika ngalo mculo. **[20]**

3.3 Uthisha uMagwinya uzithole esese-Chris Hani High School kanti ubeqonde (ubeya) eKhula Ngolwazi Primary School lapho eyokwenza i-inthavyu. Myalele usebenzise izinkomba (p1 – p9) onikezwe zona kwibalazwe (map) ekhasini elilandelayo.




**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**

**AMAMAKI ESEWONKE 80**